


ILIZWI LIKANKULUNKULU

KULEZI INSUKU ZOKUCINA

 Ngeqiniso kulithuba elihle ukubuya phakathi kwabantu bamaSpanitshi njalo lamuhla ekuseni. Futhi ngiyamangala ukuba uJim uyakuzwa lokhu. O, uthatha irekhodi. Ngilokhu ngilerekhodi eyenziwa yikwaya encane yamaSpanitshii lapho ngangilapha kuqala loMfowethu Garcia. Futhi ngiyakhohlwa leyana ingoma ababejwayele ukungihlabelela yona. Kodwa, o, ngayithanda kanjani! Futhi labo bantwana sebekhulile futhi batshadile. Ngizwa kuvela kubo isikhathi ngesikhathi. Ngingenile lamuhla ekuseni ngabona uJosefa omncane, futhi manje kwenze sibili enye into kimi, njalo ngithokozile ukulibona.

² Futhi, manje, ngibambe ibala elilodwa ngesi Spanitshi. Lingathanda ukulizwa? “Haleluya!” Kangisoze ngilikhohlwe lelibala. Ngangizama ukwenza umfazi oyisacuthe ngesinye isikhathi ukuba angizwe. Manje, ngangakukhuluma ngokungayisikho, uyabona, kodwa indlela eyiyo engiyikhumbulayo yaye iyi “oye.” Yikho yini? *Liyangizwa* mina. *Liyezwa*, “oye.” Futhike kangisoze ngikhohlwe, “Gloria a Dios!” Kuyamangalisa nje! O, ngaba lethuba lokuba phansi le esigodlweni, iDolobha leMexico, ngakhuluma labo khonale. Ngathokoza njani! Futhi ngangijwayele . . .

³ NgangiseFinilandi ngemuva kokuba sengibe lapha. Futhi kuyangikhumbuza ngokukhuluma kumfazi omncane waseFinilandi. Bangithatha bangisa kulokhu abakubiza besithi yi “bethany.” Ilizwe lonke lilomqondo walo. (Ngiya, uyezwa ukubuyela kwamazwi, ngiseduze kakhulu lalokhu? Liyezwa kuhle na, lokhu kunjani na?) Lumfazi omncinyane, wayengumuntu omncane othandekayo. Kodwa wayenjengami, wayethanda ukukhuluma kakhulu. Futhi umtoliki . . . wayekhuluma ephangisa sibili, futhi—futhi umtoliki wayengenelisi ukukhuluma ephangisa ngalokhu ayefuna ukukhuluma ngakho. Futhi wayesima njalo ubuso bakhe bubebomvu, wathi, “Ngibatholile lamadoda aseBhabhiloni.”

⁴ Kodwa, uyazi, nginanzelele ukuthi zonke—izinyoni zonke zihlabele ngeSilungu, izinja zikhonkotha ngeSilungu, ingane zikhala ngeSilungu. Ngiyamangala ukuthi kwenzakalani ngathi loba. Kodwa sonke ngamunye sicabanga ukuthi olwethu—olwethu ulimi luzakuba lulimi lweMileniyamu, yebo kunjalo. Kodwa thina esemukele uMoya oNgcwele, lokho liqiniso, ngoba silolimi lwaseZulwini.

⁵ Silo Mfowethu Rowe lapha kanye lathi lamuhla ekuseni, inxusa elivela eWashington. Ngiyakholwa wasebenza phansi kwaboMongameli abahlanu kumbe abayisithupha, oMongameli abayisikhombisa. Futhi liyazi ukuba ngizwa njani ngimi lapha, kuleyi iplatufomu, ngikhuluma, kulomuntu onjalo ehlezi ngemuva kwami. Kodwa ubufakazi bakhe izikhathi zonke babungobuvelileyo kakhulu kimi, futhi ikakhulu lapho yena...Ngiyakholwa wayengumLuthela, nxa ngingaphambanisi, wayeloba umKatoliki kumbe umLuthela, umLuthela. Futhi wathi yena...enye into ngokugaqqa engena ethenteni lomhlangano wamaPhentekhosti, futhi wasukuma... Ekucineni wathola indlela yakhe yokuya elathini, futhi, lapho ekwenza, iNkosi yehla phansi phezu kwakhe njalo yambusisa kakhulu okokuthi...Ngicabanga uyakhuluma phose indimi ezehlukeneyo eziyisikhombisa. Futhi uthi wazama olulodwa, “aluzange lusebenze,” njalo wazama olunye futhi, “aluzange lusebenze.” Futhi ngiyacabanga angakhuluma isiSpanitshi ngokufanana lani lonke. Ngakho wa—wazama zonke zazo, njalo azizange zisebenze. Futhi, bona, uyazini, uNkulunkulu wayelungile sibili, wehla Yena phansi futhi wamnika ulimi ayengakaze aluzame kuqala, wathi, “Kuyasebenza!” Kuyikho lokho. Ngicabanga ukuthi kuzabe kunjalo ngaphetsheya.

⁶ Imikhumbulo eminengi ngiyithwele enhliziyweni yami ngebandla elincinyane phezulu le, ngiyakholwa...o, ngiyakhohlwa ukuthi kungaphi. Kungale kweyinye indawo duzane leSitalada uTonto. Futhi ngiyakukhumbula lokho. Ngiyenelisa ukucabanga ibala “Sitalada Tonto,” lapho okwakulebandla iSpanish Apostolic.

⁷ Bengisithi kumalusi, “Leyi kungaba yindawo enhle kakhulu ukuba lemvuselelo,” kulendawo enengi, ibandla elitsha, abantu abahle. Ngakho ngiyacabanga kuzakuba sendleleni yemvuselelo ngelinye ilanga. Likukhulekele lokho, lingene libe lemvuselelo. Manje, ngiyathemba kuyikuphindwa kwalokho esibelakho ngale kwelinye ibandla. Ngiyakhumbula ngimi egumeni, ngeyame uthango, ngikhwela lokwehla ezitaladini, ukuzama ukusuka lapho ebusuku, ngempela kwaba yintokozo leyo engingazange ngiyikhohlwe. Futhi ngile—le ngilerekhodi yamakhosikazi amancinyane, izinkosikazi futhi labazalwane abahlabelayo benza irekhodi. Futhi babezama ukuhlabela “Kholwa Kuphela,” njalo abazange bayiphumise kuhle nje, uyazi. Babesithi, kulokuthi “kholwa kuphela,” babekuletha besithi “kholwa yeonea,” bona.

⁸ Futhi ngiyakhumbula uRebheka, indodakazi yami, uSara, futhike besithi, “Baba, hlabela, khalisa leyo rekhodi encane yabancane...” Kulokuthi bathi “Spanitshi,” babengakwanisi ukulikhuluma lelobala, bathi, “amankazana eSpinitshi, amankazana amancane eSpinitshi ehlabela ‘Kholwa Kuphela.’”

⁹ Yebo, ngiyakhumbula belandela umhlangano. Imvuselelo yayikhona ngalesosikhathi, futhi balandela umhlangano indlela yonke kusiya eWest Coast. Futhi mina . . . into encane yagxila enhliziyweni yami lapho sisuka eCalifornia, uMfowethu Moore kanye lami, lo Mfowethu Brown, phezulu le esigodlweni. Futhi lapho ngihamba ngisehla phakathi kwesakhiwo lesongalobobusuku, labo bantwana bemilapho behlebele leyo, “Yena uyakunakelela.” Selake layizwa. “Phakathi kokubalela kwelanga kumbe amathunzi, Yena uyakunakelela.” Izikhathi ezinengi emazweni aphetsheya, ezinkundleni zempi zombango womhlaba, uzama ukuletha uMbiko kaKhristu, ngiyabe ngikhumbula lawo mankazana labafana behlebele leyo ngoma kimi, “Yena uyakunakelela. Phakathi kokubalela kwelanga kumbe amathunzi, Yena ulokhu ekunakelela.” Ngakho lokho kube yikuholwa okukhulu, usizo.

¹⁰ Ngihlangane lomalusi wenu omuhle, futhi ngiyajabula ukubona ukuthi ibandla liyaphila futhi lilesakhiwo lesi esikhulu esihle lapha, sihlezi bonke, kulendawo enengi yokumisa izimota. Indawo sibili nje ezandleni zikaMoya oNgcwele, nxa singamenza Yena akubone futhi azi ukuthi sibizela imvuselelo. Yena, ngiyakholwa uzakuyipha yona Yena.

¹¹ Manje, lamuhla ebusuku sisebandleni likaMfowethu Outlaw, ibandla iBizo likaJesu, langale nganeno. Futhi uMfowethu Outlaw, ngiyakholwa yi . . . libandla lobuPostoli, futhi. Ngicabanga ubiza nje, ibandla, iBizo likaJesu. Ngicabanga uyibupostoli ekukholweni. Njalo futhi siyakuba khonale lamuhla ebusuku. Futhi manje kasitsho ebandleni lamaSpanitshi, “manje wozani khonale,” ngoba kumele uhlahle endaweni yomsebenzi wakho. Futhi kuzakuba lombuthano omkhulu waMadoda ezaMabhizimisi esiKhristu, kuqala ngoLwesine, ngemva kokuba izinkonzo sezivaliwe kwamanye amasonto, ngoLwesine. Futhi lumhlangano, bazakuba lezikhulumi ezazakalayo, futhike uOral Roberts, njalo lomunye umzalwane wesiMethodist osanda kusindiswa nje, futhi bathi uyisikhulumi esilamandla. Futhi ngileqiniso lizakholisa leyi imihlangano. Lani bantwana bontanga, balomhlangano lapho wabontanga futhi, njengokuba umzalwane esanda kumemezela nje. Ngilabantwana bami lapho ukuze bangene kulokhu. Futhi khathesi wozani khonale, sizathokoza ukuba lani. INkosi ilibusise lonke.

¹² Futhi manje ngifuna ukuvula eBhayibhilini njalo ngifunde okunye kweLizwi laKhe elibusisiweyo. Futhi ngikhethile lamhla ekuseni, okwesikhatshana, kangifuni ukulibamba okwesikhathi eside, esinye isifundo, futhi esinye sazo sitholakala kuSamuyeli wokuQala, esinye sitholakala kuIsaya. Futhi ngithanda ukufunda kuIsaya kuqala. Njalo ngi . . .

¹³ Liyezwa kuhle, indawo zonke? Phakathi kwemitshina yokukhulisa amazwi, ikhangeleka ilomsindo, kangikwazi ukuthi

kungani. Liyezwa kuhle ngale, phakamisani isandla senu. Kuhle, kuhle.

¹⁴ Manje, ngiyahleza kancinyane, yebo, lokho kuvela ekukhulumeni kakhulu. Futhi kusukela ngilapha lalaba abazalwane besi Spanitshi, okweminyaka elitshumi lesithupha edlulileyo, ngiyacabangela, mhlawumbe okungaba yiminyaka elitshumi lesithupha kumbe itshumi lesikhombisa edlulileyo, yebo, bengitshumayela kusukela lapho. Ngakho bengidiniwe, ngathi, futhi ngilokhu ngidiniwe, kodwa ngilokhu ngisiya phambili ngomusa kaNkulunkulu.

¹⁵ Manje masivuleni kuIsaya 40, isahluko 40 sikaIsaya; futhi lesahluko sokuqala, kumbe isahluko sesithathu sika Samuyeli wokuQala. Futhi lapho sisabambile lezondawo kukho ukufundwa kweZwi, ngizathanda manje ukuba sikhothamise amakhanda ethu okwesikhathshana sithandaze.

¹⁶ Baba wethu oseZulwini, siyabonga lamuhla ngaleli ithuba lokuma kuleyindlu engcwele ethandekayo enikelwa kuNkulunkulu langenxa yomsebenzi waKhe. Futhi njengoba sisazi ukuthi izinceku zaKho zema ngemuva kweplatifomu leyi lapha kumbe iphuluphithi izikhathi ezinengi, njalo lempilo enikeziweyo kuwo umsebenzi waKho.

¹⁷ Futhi lalokhu *kulokhu*, kulokhu ukusa, kuletha imikhumbulo, imikhumbulo yemvuselelo leyo eyayisanda kuqala, loMoya oyiNgcwele lowo owawehlile ngesimo sokuKhanya okukhulu, njengeNsika yoMlilo, futhi Yona yakhuluma ukuthi uMbiko uzahamba umhlaba. Futhi khathesi lamuhla lokho sekuyimbali. UMBiko usulumathise umlilo ngabantu abakhulu, ngemuva kokuyibona Yona, njengo Oral Roberts lo Tommy Osborn, futhi lo Tommy Hicks njalo labanye abanengi. Futhi langemizamo leyo esiyifakileyo ndawonye, sibona uMbiko usulumathise imililo yemvuselelo kulo lonke ilizwe phansi kweZulu, ngoMbiko wephentekosti. Kulokhu sipha ukubonga futhi lokudumisa kuWe, O Nkulunkulu Somandla.

¹⁸ Futhi manje lamuhla siyakhuleka ukuba Wena ulungiselele inhliziyi yethu, silungiselele uHlwitho olukhulu oluzakwenzakala masinyane, siyakholwa. Futhi nxa inhliziyi zethu zingekho esimweni salokho kumbe konke okunye lokho osigcinele khona Wena, siyakhuleka Wena sithethelele ukusilela kwethu, futhi ukhulume lathi lamuhla ngalo iLizwi laKho. Busisa umalusi waleli ibandla, amadikoni alo, abaphathi, futhi lebandla lonke, amalunga. Busisa leyi ikwaya encinyane, lomkhalisi wepiyano, labaculi. Bonke ndawonye, busisa labo abangena emasangweni alindawo. Mabaphume beguqukile isikhathi ngasinye, eduzane laWe kancane ukwedlula lapho bengena. Yenza kube njalo, Baba. Futhi makube njalo, loba lamuhla ekuseni, ngoba sikucela ngeBizo likaJesusu. Amen!

19 Manje sivula eBhukwini lika Isaya, isahluko 40, siyabala.

Duduzani, duduzani abantu bami, utsho . . . uNkulunkulu.

Khulumani amazwi okududuza kulo iJerusalema, limemezele kulo, ukuthi ukulwa kwalo sekuphelile, ukuthi ububi balo buthethelwe: ngoba la mukele esandleni seNKOSI okuphindwe kabili ngenxa . . . yezono zakhe.

Ilizwi lakhe lowo omemezayo enkangala, Lungisani indlela yeNKOSI, lenzele uNkulunkulu wethu ehlane umgwaqo oqondileyo.

Izigodi zonke zizaphakanyiswa, futhi intaba loqaqa kuyakwehliswa: lokugobileyo kuyakuqondiswa, lendawo ezimadundulu yisigawu:

Inkazimulo yeNKOSI izakwambulwa, lenyama yonke izakukubona kanyekanye: ngoba umlomo weNKOSI uku khulumile.

Manje eBhukwini likaSamuyeli, uSamuyeli wokuQala, isahluko sika 3, ngifuna ukufunda ivesi 1, lo 2, lo 19:

Umntwana uSamuyeli wakhonza phambi kweNKOSI ephansi kukaEli. Ilizwi leNKOSI lalingandanga ngalezozinsuku; kwakungelamibono eminengi.

Kwathi ngalesosikhathi, uEli elele endaweni yakhe, lamehlo akhe ayeseqala ukufiphala, waze wangabe esabona;

. . . isibane sikaNkulunkulu sasingakacitshi ethempheleli leNKOSI, lapho kukhona okwakulebhokisi lesivumelwano sikaNkulunkulu, njalo uSamuyeli wayelele phansi;

INKOSI yasibiza . . . yena waphendula, Ngilapha.

Ivesi u19:

Futhi uSamuyeli wakhula, njalo INKOSI yayilaye, njalo Yena kayekelanga lelilodwa lamazwi akhe ewela phansi.

20 O, kungaba yisifundo eseneleyo leso esingakhuluma ngaso lapha okwenyanga, futhi singathola okunengi okokukhuluma ngakho kulesi isifundo esihle. Kodwa lamuhla ekuseni, futhi singaba lemizuzu engamatshumi amabili ukuphuma ngesikhathi esifaneleyo e . . . Ngiyacabanga isikolo sangeNsonto sesiphelile kumbe silandela lokhu, kangikwazi. Kodwa, loba kunjalo, ngifuna ukusebenzisa isihloko sokuthi, *ILizwi LikaNkulunkulu Kulezi Insuku Zokucina.*

21 Yisikhathi esimqoka kakhulu. Siyabona lapho esikhuluma khona eMibhalweni, ukuthi kwathiwa, “Kwakungelamibono eminengi ngensuku zikaSamuyeli.” Ngakhoke, “Lapho

okungelambono,” iBhayibhili yathi, “abantu bayabhubha.” Kumele sibe lombono. Futhi imibono iza kubaprofethi, njalo yiLizwi leNkosi elikhulunywe kubo.

²² Futhi siyabona ukuthi uEli wayengayisuye umprofethi, uEli wayengumpristi. Futhi wayeseluphala, njalo lamehlo akhe esefiphala, futhi wayengasaboni ukuba ahambahambe, wayengumuntu omkhulu olesisindo. Futhi wayeseqalile ukuyekela umsebenzi weNkosi engenziwangwa.

²³ Futhi kuyinto efanalalamuhla. Ngicabanga ibandla, inhlanganisolamasonto, bebesenkundleni okwesikhathi eside, futhi sebeqala ukuyekethisa. Futhi umsebenzi weNkosi usuyekelwa ungenziwangwa, iLizwi leQiniso, ngokuba ibandla, lona ngokwalo, kalisaboni kuhle. Futhi sidinga, lamuhla, iLizwi likaNkulunkulu ukuba likhulume phakathi kwethu, lisibuyisele emuva.

²⁴ Futhi, bona, uEli wayelele phansi, njalo le... ukubona kwakhe kwasekufiphala. Waye engumpristi. Futhi babengelambono owazakalayo ovela eNkosini. Futhi lokho kudingakala okungako!

²⁵ Futhi uNkulunkulu uthembisile ukupha isidingo saleso sikhathi. Yena uhlezi ekwenza lokho. Futhi sidinga iLizwi likaNkulunkulu lamuhla, ukupha isidingo salesosikhathi, ukuhlangana lesikhathi esiphila kuso. Futhi ngemuva kokuba esethembisile Yena, singaqiniseka ukuthi Yena uzacina isithembiso saKhe. Yilo ithemba ikholwa lilalalo kuMenzi wakhe, ukuthi Yena wathembisa ukugwalisa isidingo.

²⁶ Futhi, lamuhla, isizatho esisodwa sokuba ibandla lisesimweni elikuso, kungokuba kulamazwi amanengi, amazwi amanengi akhanga ibandla lisuke eLizwini likaNkulunkulu, kuze kuthi kuyathandabuzeka ukuba abanengi bangalizwa iLizwi likaNkulunkulu loba Likhuluma phakathi kwabo. Mhlawumbe bangeke balizwisise Lona, ngoba Lingaba yinto engaziwayo kubo. Sebezixilise emazwini osuku!

²⁷ Futhi nxa sinanzelela, ekufundeni kwethu uMbhala, ukuba iLizwi likaNkulunkulu lalingazakali kubo.

²⁸ Futhi sekube njalo lalamuhla, ukuba iLizwi likaNkulunkulu... Kulamanye amazwi amanengi. Futhi nxa uNkulunkulu wathembisa uzakusinika Yena loKho, njalo nxa amanye amazwi ephambene kulo iLizwi likaNkulunkulu, ngakhoke kumele kube yilizwi lesitha sethu, ukusidida, ukuze singazwisisi iLizwi likaNkulunkulu lapho Likhuluma.

²⁹ Futhi siyananzelela kwakuyinto efanayo laleyo kuEli loSamuyeli, kodwa uEli wakubona masinyane ukuthi kwakunguNkulunkulu. Futhi ngokuqinisekileyo kwaku yi-yisithuko kuEli. Ngoba, iLizwi likaNkulunkulu, likhuluma kuSamuyeli, lalimtshele ngokwenza kubi kukaEli, ngoba wayetotoze amadodana akhe, futhi babethatha imali njalo—

njalo lenyama eminikelweni. Lokho kwakungalunganga. Futhi babesenza izinto ngokungalunganga, kuphambene leLizwi likaNkulunkulu.

³⁰ Futhi uSamuyeli waye...into kuphela leyo uSamuyeli ayengayenza, kwakuyikukhuluma njengokuba kwakunjalo. Futhi wayethikaza kancane ukwenza njalo, ngoba kwakulwisa indawo uqobo lapho athunywa ukukhuliswa khona, uEli futhi laphakathi kwethempeli. Kodwa uEli wathi, “Qhubeka ukhulume.” Bona? Futhi wamtshela khona lokho okwakuzakwenzakala, ukuthi uSamuyeli...kumbe, “Usuku lukaEli lwaseluphelile, njengomphristi,” ngoba uNkulunkulu wayekhulumile, futhi uNkulunkulu wayethumela uMbiko waKhe ngoSamuyeli umprofethi. Ukuzalwa okungazwisisekiyo sibili, wanikelwa kuNkulunkulu kusukela ebuntwaneni. UNkulunkulu wakhuluma kuye, njengomntwana, futhi wayemlungiselela umsebenzi owawuhlezi phambili. Futhi isikhathi sikaEli sasesiphela.

³¹ Kulamazwi amanengi emhlabeni lamuhla, okokuthi ngeqiniso kuyinto enzima, ngoba kuyabulala iLizwi lokoMoya. Kulamazwi amanengi okukhalipha, amazwi amakhulu abantu abalamandla abakhhaliphileyo, okokuthi, ezimweni zabo zokukhalipha, baze banyikinye lezizwe. Abasibobantu abasandakubakhona, kodwa banyikinya izizwe, beletha izinhlanganiso ezinkulu ndawonye, imikhankhaso emikhulu, ebukekayo. Futhi umuntu angadideka kancane. Kwanele ukubadida, ukuthi lezi izinto ziqhubeka njani futhi ziphumelela. Futhi kulamazwi lawo—lawo aphakamayo njalo azenze lezi izinto, futhi kubangela iLizwi likaNkulunkulu libekwe khonale emuva kwenye indawo, iLizwi leqiniso likaNkulunkulu.

³² “Futhi iLizwi likaNkulunkulu,” bathi bona, “sizakulazi njani iLizwi likaNkulunkulu?” Ngoba, okwalamuhla... Ngalesosikhathi kwakukumprofethi ofakazelweyo. Manje, lamuhla, ukuthi sikwazi njani ukuthi yiLizwi likaNkulunkulu, ngoba yikubonakaliswa kweLizwi lomprofethi. Lo ngumprofethi kaNkulunkulu. Futhi iLizwi likaNkulunkulu eliliqiniso libuyisa kuphela lowo oqotho, ophilayo, uNkulunkulu ongowoMoya, oleZwi laKhe elingokoMoya, elilokubonakaliswa kokoMoya kweLizwi leQiniso. Ngakho siyazi ukuthi kuYi Lizwi likaNkulunkulu. Ngokuba, lalokho okoMo... Kulokunengi kwezinye izigaba, okuphosa kubulale Lokho. Kodwa, khumbula, Lizakhazimula, Lizaphumela phandle! Lizakwenza.

³³ Manje, kulelizwi lamuhla emhlabeni wezombangazwe. Yilizwi elikhulu lelo. Futhi abantu, ngempela, kulolusuku olukhulu lwezombangazwe, baya...Kuxubene konke emasontweni abo futhi lakho konke. Njalo izikhathi ezinengi, lokho sikubonile manje manje nje, ukuthi ilizwi lezombangazwe ngesibili lilamandla ukwedlula iLizwi likaNkulunkulu emasontweni, kungenjalo abantu baseMelika babengasoze

benze lokhu abakwenze manje. Bona? Bebensasoze bakwenze. Nxa iLizwi likaNkulunkulu lalingagcinwa liphilile ebandleni, bebengasoze bayenza lelophutha. Kodwa ilizwi lezombangazwe sibili lilamandla kakhulu emhlabeni ukwedlula iLizwi likaNkulunkulu, abantu baze bathengisa ubuzibulo babo besiKhristu bethengisela ilambazi lodumo, imfundo, futhi lamandla ezombangazwe. Kulihlazo elingaka ukukubona lokhu. Into uqobo isizwe sethu esenzelwa khona, lokho esenzelwe phezu kwakho, abantu baphendukile muva babhoda futhi—futhi bavotela into esayitshiyela elinye ilizwe. Njalo le—futhi le Plymouth Rock, le *Mayflower* futhi labanye, beza lapha futhi—futhi bakha umnotho lowu omkhulu esilawo. Yinto uqobo esayilwisa kanzima ukuba siphume kuyo, sesizifake ezibotshweni zayo futhi, ngoba iBhayibhili ikhuluma ukuba kuzakuba njalo.

³⁴ Futhi lohlelo lukaEli: umphristi esikhundleni somprofethi. Umprofethi yiLizwi. Futhi umphristi wayelibandla.

³⁵ Futhi sekufike endaweni ethile ukuba sekuqalile ukwekethisa okokuba iLizwi alisazakali ebantwini. Abakubambi Khona. Ngakho ungakukhuluma Khona, futhi abakuzwisisi Khona, ngoba abakufundiselwanga Khona. UPhawuli wathi, “Nxa icilongo likhalisa okungazwakaliyo, ngubani ozabakwazi ukuzilungiselela impi?”

³⁶ Abantu bafundiselwe e—e—elizwini lesonto, icilongo lesonto, “Silabanengi esikolo seNsonto ukwedlula bonke abalabo.” Lokho kakutsho lutho. “Silabanengi esontweni ukwedlula bonke abalabo. Sibakhulu ukwedlula bonke phakathi kwesonto.” Bona, yilo ilizwi abantu abalifundisiweyo. Esitaladini, bayaphuma ukuyadinga abantu babangenise. Izinkulungwane zamatshumi lezinkulungwane emikhankasweni emikhulu, babangenise. Kuyini abakuthabelayo? “Silebandla elikhulu kulawo wonke. Silombuthano omkhulu kulayo yonke. Silesikolo seNsonto esilamalunga edlula onke. Silomeya wedolobho uza ebandleni lethu.” Kungaba kuhle konke lokhu, kodwa nxa lelobandla linye lingafundiswanga eLizwini likaNkulunkulu, uPhondo lweVangeli, yiluphi usizo olwenziwayo?

³⁷ Futhi nxa into iphakama njengaleyi ephakame phakathi kukahulumende wethu, kuyini okwenzakeleyo? Ibandla kalizange lazi iLizwi loPhondo, futhi kabazange bazi ukuthi benzeni. Isithembiso esikhulu sokuphumelela, isiqhwaga senhlakanipho singena, futhi beqa into uqobo leyo iBhayibhili eyakhuluma ngayo phambilini, futhi bakungenisa phakathi. Bona, ilizwi lezombangazwe! Futhi kwatshengisa ukuthi kwathulisa iLizwi lezenkolo, kumbe babengasoze benze lokho abakwenzayo, iLizwi leVangeli. Ngoba sithenjiswe izinto ezinengi, sithenjiswe impumelelo, futhi kungelakuthandabuza sizayizuza.

³⁸ Kodwa, loba kunjalo, lokho kakutsho lutho kokholwayo. Vula eBhukwini lamaHebheru, isahluko 11, lalela kulowo Phawuli oNgeweke ekhuluma, bona kanjani, ngezinsuku, “Bazulazula ngezikhumba zezimvu lezikhumba zembuzi, babeswela, kungelandawo, abazange bangene edolobheni.”

³⁹ Ngangibala eMphakathini weNicea, lapho indaba ezinkulu zeza eNicea, eRoma, iminyaka engamakhulu amathathu ngemuva kokufa kukaKhristu, eMphakathini we Nicea omkhulu, lapho ibandla elikhulu elamela okwakulungile, babefuna iBhayibhili. Futhi abaphendukayo bamaRoma bebandla lokuqala leRoma babengenise izimfundiso, ukutsho, njengalokhu, njengoba sileKhisimusi.

⁴⁰ IKhisimusi, uKhristu kazange azalwe zimatshumi amabili lanhlanu elanga lika—likaMpalakazi njengoba lami kungabanga njalo. Ngani, amaqaqqa aseJudiya ayelonqwoqwane, futhi Yena...Kuyaphambana leziprofethi zonke ezeBhayibhili. Wazalwa entwasa, njengamawundlu ezalwa. Kungani Yena wazalelwa esitebeleni esikhundleni sendlini? Waye liWundlu. Kungani Yena waqhutshelwa elathini kumbe elathini Lakhe lapho wabethelwa Yena khona, isiphambano? Wakhokhelwa esiphambanweni. Uyakhokhela imvu isiya ekuhlathshweni. Yena wayeliWundlu. Yikho Yena wazalwa lapho amazinyane ezalwa.

⁴¹ Kodwa, uyabona, ukwenza lokho, babalosuku lokuzalwa lukankulunkulu olilanga, okuyikuthi, ukuhleleka komkhathi, i—ilanga ezinsukwini ezinhlanu kusukela kuMpalakazi zimatshumi amabili kusiya kuMpalakazi zimatshumi amabili lanhlanu, akula lakancane ukutsheda, kwelanga. Kuya—kuyatshiyana kancinyane ngasuku lunye, kuba kude futhi kude futhi kude kuze kufike usuku olude kulazo zonke ngoNtulikazi. Futhike, ngoMpalakazi, lusuku olufitshane kulazozonke. Futhike lesosikhathi esincinyane esimatshumi amabili lanhlanu, kusukela kuzimatshumi amabili kusiya kumatshumi amabili lanhlanu, babelesekhasi yamaRoma lomkhosi wokuthakazelela usuku lokuzalwa lukankulunkulu ilanga. Ngakhoke uJupiter, owayengukulunkulu wamaRoma, futhike basebekungenisa, ngokuthi, “Sizathatha usuku lokuzalwa lweNdodana kaNkulunkulu futhi lolukankulunkulu ilanga, sikubeke lokho ndawonye kube ngumkhosi munye omkhulu.” Lokho kuphambene! Futhi, o, izinto ezinengi abazingenisileyo lezo abazifaka phakathi lapho!

⁴² Ngakhoke lapho lawo madoda eqiniso kaNkulunkulu ababefuna ukuma leLizwi, njengo Pholikaphu, Irenaeus, Martin, labo abakhulu, abokuqala, amadoda angcwele ababefuna ukuhlala leQiniso...Futhi lapho beletha phakathi kwoMphakathi weNicea, abanye balabo bantu babephikiwe kakhulu kwaze kwaphuma abaprofethi ehlane bengelalutho kodwa uzwezwe lwesikhumba semvu, ukuzohlala kulowo mphakathi. Kodwa babesazi iLizwi leNkosi. Kodwa udumo,

lezonsuku ezilitshumi lanhlanu zokubangisana okulegazi, futhi kabakunanzanga Khona. Njaloke sabaleminyaka eyinkulungwane yesikhathi sobumnyama, bona.

⁴³ Kodwa uNkulunkulu wathembisa ukuthi loloPhondo luzakhala njalo. Izikhathi zonke abantu balalela kulo iPhimbo leqiniso leLizwi, izikhathi zonke hlola okwenzayo ngeLizwi.

⁴⁴ Ilizwi lezombangazwe. Futhi thina eMelika njalo lomhlaba wonke, silelizwi elikhulumela phezulu lamuhla, futhi lelo yilizwi leHollywood. Lithumbe umhlaba. Yeka omunye aphume eHollywood lenye into, uzayithola ilizwe lonke. Manje, siyananzelela ukuthi sebefake isibonelo ebafazini bethu, ekugqokeni kwabo, ekuphatheni inwele zabo. Bayabeka lesosigqoko.

⁴⁵ Ibandla kumele lazi iLizwi loPhondo lukaNkulunkulu kulokho! Kodwa kulokudideka okukhulu ngoba ubona abanye besenza njalo, izibonelo. Ungazifanisi lohlobo olunjalo lwesibonelo, ngoba kuyabhubha. Izikhathi zonke zwana iLizwi likaNkulunkulu, lokho Yena akutshoyo ngakho.

⁴⁶ Futhi njalo siyananzelela, eHollywood, bavusa izinto. Futhi ngiyekeleni ngikhulume okwesikhathshana phezu kwalokhu ngingakayi phambili. Kwaku le—lento eyaphumayo kungasikhathi eside esedluleyo, ukuthi i—indoda eHollywood... Kungelalutho engilusola ngale indoda manje, ngumuntu lowo uKhristu amfelayo, kodwa ukulitshengisa nje. Benza into encinyane ethiwa, abantwana babeyibiza besithi “hula-woop,” hula-woop, kumbe enye into. Futhi nxa wake wananzelela inhlamba futhi lezinto ezilandela lokho kanengi, ebantwaneni abancinyane. Lokho akulunganga.

⁴⁷ Manje, iHollywood igwele aba—abalwa ngemibhobho. Manje, loba ngubani owazi imbali, uyazi ukuthi labo bantu emuva le ngalezozinsuku, ababengabalwi bemibhobho njenga ba—bantú abatshiyeneyo, babengayisibo izakhamizi ezihloniphekayo, babeyizigebenga, babenjengo Al Capone lo Dillinger. Balomdlalo weHollywood abawuthi, ku—kuthelivishini, bayibiza, “Inthuthu yombhobho.” Futhi ngezwa ku *Monitor* ngelinye ilanga ukuthi umuntu owudlalayo, uArness kumbe okunye, kumbe uArness, kumbe ngiyakholwa ukuba ibizo lakhe ngubani, futhi ufanele ukuba athathe... Yena umela uMatt Dillion owayelipholisa lesigaba eKansas. Futhi uMatt Dillion wayeligwala njengomvundla. Wadubula amadoda angamatshumi amabili lesitshiyangalombili emhlane, abantu abangelacala, ephumela phandle kweDolobho leDodge futhi ecathamele esixukwini. Futhi lapho umuntu esiza, lowo muntu wayembiza futhi amtshela ukuthi kwakulesikliwi esithile esizayo, futhi ahlale khonale njalo, lapho lowo muntu esiza, amdubule emuva. Manje siyathola ungu “muntu omkhulu” lowo ozayo esehla. Ngani, kuyi—kuyikudumisa isono. Kodwa

abantwana abancinyane belizwe lethu bangakutshela okunengi ngo Matt Dillion ukwedlula lokho abangakutshela ngoJesu Khristu. Ama—ama—amavinkili, amavinkili ezinto zabantwana, lesigaba sezigqoko, zilengisiwe kugcwele okuncane—okuncane okuyimibhobho yokudlalisa, kanye lengwane ezincane onga—ongazithenga loba ngaphi. Kulungile ukugqoka lokho, kodwa ngi—ngiyaliyalitshela nje, uya bona. Ngakhoke baya—baya, umhlaba wezokuthengisa, bayayithatha leyonto futhi benze izigidi zamadola ngakho.

⁴⁸ Silalokhu esikubiza ngokuthi “Usuku lukaPatrick oNgcwele,” silalokhu esikubiza “amaholide ezenkolo.” Futhi umhlaba wezokuthengiselana usukuthethe, njalo benza izigidi zamadola. “Usuku lukaMama,” ihlukuzo lamaluba. Ngani, usuku lonke kumele kube lusuku oluhloniphekayo kumama. Kakho ukwenye indawo, useluphele, hamba uyembona. Lokho kungaqakatheka ukwedlula lonke iluba ongamthumela lona, kumbe loba ngokunye. Bona, kodwa bayakuthatha. Yilizwi, futhi—futhi siyangenelana lakho. Akulunganga isibili. Kodwa yikuyini ozakwenza? Bona, siyi—siyi. . .

⁴⁹ Ngizama ukukutshengisa ulutho lapha ukukutshela enye into, lokho engi—engikukholwayo. ILizwi kalejayelekanga, iLizwi likaNkulunkulu.

⁵⁰ Manje, siyafumana ukuthi babeka isilinganiso. Futhi wake wananzelela? Abafana bethu abancane sebengo “Ricky” labo “Elvis.” Ulomntwana othiwa lokho, kutshintshe ngokuphangisa, umbize ngokuthi nombolo “kunye” kumbe “kubili,” kumbe enye into. Ungaze, ngelibi i. . . Uthi wena, “Lilomehluko bani ibizo eliwutshoyo?” Ngani, qiniso, litsho olunye ulutho. Ibizo lakho lichaza impilo yakho. “Manje, Mfowethu Branham, usuphezu kwezombolo.” Hatshi, kangikho kukho! Ngiphezu kuka ITSHO KANJE INKOSI! Kwakungani lapho uJakhobe, waphila ibizo lakhe, nje—njengomkhohlisi, umqilibezeli, uJakhobe. Futhi lapho uNkulunkulu emguqula, Yena waguqula ibizo lakhe. UNkulunkulu waguqula uSawuli waba nguPhawuli, uSimoni waba nguPhetro. Impela, kulolunye ulutho. Futhi uRicky lo Elvis, lamabizo anjengalawo, libizo lesimanjemanje laseMelika eliphosela umntwana kulokho kungelakuzenza. Bona engikutshoyo?

⁵¹ Manje, ngiyathemba angi. . . Kungcono ngibuyele muva ngingayi khatshana ngisegatsheni lapha, (bona engikutshoyo?) ukuba ungabe usazwisisa. Kodwa zonke lezi izinto azizwisiswa futhi langumuntukazana. Abakubambi khona, ngoba balendlela eyodwa. Yikho kuphela abakulalelayo, lawo mazwi.

⁵² Kulezwi lamafilosofa, amaKhomanisi, bethembisa into abangeke bahlala layo. Kodwake inengi ekhulwini labantu baseMelika bagoqelwe phakathi kwesiKomanisi. Manje, ngake ngaba sesiKhomanisimu, ezindaweni zesiKhomanisi, bengitsho,

eGermany, ngasempumalanga kweBerlin. Babe lezindlu ezinkulu ukutshengisa phandle. Kumele ungene phakathi kwazo, kaziphelanga lokuphela. Ngumnotho wamanga, bazama ukufuqela olunye ulutho.

⁵³ Futhi, eRussia, lapho okwazalelwa isiKhomanisi... Okokuthi, iminyaka eminengi edluleyo, lapho ngisasengumtshumayeli ongumfana nje, ngingathi iminyaka engamatshumi amathathu lantathu edluleyo, lapho isiNazi, lesiFazi, futhi lesiKhomanisi kwakuphakama, ngathi, “Ngikhuluma ngeBizo leNkosi! Konke kuzacina kugoqelwe yisiKhomanisi.” Kodwa, wake wacabanga, uNkulunkulu usitshiyele indlela yokuphuma, nxa singakuthatha nje. Ngokukodwa phakathi kwekhulu kwesiRussia okuyisiKhomanisi, okukodwa phakathi kwekhulu, kodwa yibo ababusayo. Okukodwa kwekhulu kwesiKhomanisi... okukodwa phakathi kwekhulu kweRussia kuyisiKhomanisi, bengitsho, kodwa bayabusa.

⁵⁴ Futhi yinto yinye, iHollywood yindawo eyodwa, kodwa bayabusa.

⁵⁵ Okungaba okukodwa phakathi kokuthathu kumbe okubili phakathi kokuthathu kwenani labantu beZizwe eziManyeneyo baya esontweni, futhi ngamalunga amasonto, kodwa bayabusa phakathi kwalawomasonto.

⁵⁶ Okufunwa yisiKhomanisi khona ngale yiLizwi likaNkulunkulu ukuvuka phakathi kwabo, njalo Lona likuyangise.

⁵⁷ EFinland, lapho lowo mfana evuswa ekufeni ngalona lolosuku, futhi bengiletha izibanga ezintathu khatshana, lapho lomfana omncane owavuswa khona, ofileyo; Amasotsha esiKhomanisi, amaRussia, emi lapho lesaluthi yesiRussia, futhi lenyembezi zihlangezela ezihlathini. Bathi, “Sizakwamukela uNkulunkulu lowo ovusa abafileyo.” Yikwekelela kwebandla leKatholiki lebandla leLutheran, futhi lawo wonke lawo masonto, futhi bathatha yonke imali, njalo besakha izinhlanganiso, futhi bengaphi abantu ulutho. Baphila njengabantu bonke. Kumele kube... .

⁵⁸ Lokho iRussia ekufunayo ngumprofethi ukuba avele eleLizwi leNkosi, lelo elinga—elingavala umlomo. Yikhoke lawo matshumi ayisificamunwemunye ekhulwini azathatha indawo.

⁵⁹ Lokho iMelika ekudingayo yiLizwi lomprofethi kaNkulunkulu, ongama futhi alahle iHollywood, futhi alahle lezi izinto ngeBizo likaJesu Khristu, njalo iBandla likaMoya oyiNgcwele lizathatha indawo. Kuleziphithiphithi ezinengi, bona, amazwi amanengi aphambeneyo ephikisana Lalo.

⁶⁰ Ibandla, ilizwi lalo, ngalinye lifuna amalunga amanengi. AmaBaptist bakufuna konke, amaMethodist bakufuna konke, amaPresbyterian. Silakho konke lokhu. Futhi amaKatholiki

kungathi bazakuthatha konke, futhi bazakwenza. Lelo yilo sibili iLizwi likaNkulunkulu liphuma kuleli iBhayibhili. Bazabusa.

⁶¹ Kodwa uNkulunkulu oPhezu Konke uzacina ebusa. AbaNgcwele bazathatha umbuso, ngelinye ilanga, iBhayibhili yatsho njalo. Bazathatha umbuso.

⁶² Amazwi amanengi kangaka amangalisayo! Futhike kulelizwi lomprofethi wamanga. Yilizwi elibi lelo, umuntu ozibiza ngokuthi umprofethi. Umprofethi, yebo, ngumtshumayeli. Ibala lesimanje “mprofethi” litsho ngeqiniso “umuntu otshumayela engaphansi kokugcotshwa.” Kulomuntu omayo futhi azibize ngokuthi umprofethi, futhi aphike iLizwi likaNkulunkulu, aphike iQiniso likaNkulunkulu. Kulamazwi amanengi kangako!

⁶³ Imizuzu nje emilutshwana edlulileyo, kwakulomzalwane phandle le engiqondisa lapho okwakumele ngize ngakho lapha, kodwa ngi...ngiyacabangela umangele kungani ngihambe ngakhwela isitaladi futhi ngatshibilika njalo ngaphenduka. Nxa ulapha, mzalwane, bengilalela enye into, bekungabangane bethu—bethu abamnyama, amanegro. Balethempeli lapha, futhi balibiza ngokuthi, “iElija Mohammed,” kumbe okunye, “omutsha uElija Mohammed.” Bephakama lelizwi, njalo besithi bayilizwi elizakukhupha isizwe saba—saba sabamnyama kuleyi inyakanyaka. Lokho, uyabona, into uqobo, isiMoslem sabo—sabo—sabo silapha, iMosque yabo. Ngani, kaliboni, ukuthi isisekelo sakho, asilunganga!

⁶⁴ Abantu abamnyama, njengabantu abamhlophe nje, abantu abansundu, futhi labantu abalithanga, hatshi ukubuyela ku—ukubuyela kusiMohammed, kodwa ukubuyela kuKhristu, uqobo lwezimiso lezo iBhayibhili ezifundisayo. IsiMohammed siphikisana leLizwi. Manje, ngakengaba lethuba lokukhokhelela amaMohammed azinkulungwane ezilitshumi kuKhristu ngesinye isikhathi eDurban, South Africa. Akuvezi lutho kuphela okuphathelene lengqondo zomuntu. Futhi okuphathelene lengqondo zomuntu kulungile lapho okwengqondo zomuntu kungaphikisani leLizwi. Kodwa lapho okwengqondo zomuntu kuphika iLizwi, okwengqondo zomuntu kakulunganga. Kupha umdumo ongaqinisekanga. Kulalokhu okuzakwedlula kuphela iLizwi likaNkulunkulu, uJesu watshonjalo, “IZulu lomhlaba kuzakwedlula, kodwa iLizwi laMi aliyikwedlula.” Ngako, uyabona kumele sihlale leLizwi, iPhimbo.

⁶⁵ Abanengi bayadida izinto! Abantu bayaphakama, kabalazi iLizwi, futhi bayakhuluma izinto, futhi mhlawumbe kuzwakala kulengqondo. IsiKhomanisi sizwakala siyinto elengqondo, “Umuntu wonke uyafanana. Kakusela zinothi ezamabhizimusi, bonke sebengamaKhomanisi.” Sowake wema ukuthi ucabange ukuthi leyo yimvuselelo yamanga, sinjalo isiKhomanisi?

